basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

2016

IMEMORANDAMU

AMAMAKI: 70

Le memorandamu inamakhasi ayi-14.

ISIQEPHU A: INOVELI

UMBUZO 1: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu

ISIQESHANA A

1.1 UNtombi.√ (1)

1.2 UMacingwane. √ (1)

1.3
- Ucasulwa omama abathanda ukwazi ukuthi uganwa nini. √
- Uphinde acasulwe kakhulu umama othanda ukumkhombisa intombi ethandwa nguye ukuthi imgane. √ (2)

1.4 Ukuyicela ukuba bashade√√/abe umkakhe√√/ukuyitshela ukuthi uzothumela abakhongi.√√ (2)

1.5 Ukuzithulela/B√ (1)

1.6 UManyoba uqonde ukuthi uNtombi muhle√√/ubukeka kahle√√/isikhumba sakhe asinawo amabala nezinduna√√/uphatheke kahle.√√ (2)

1.7 Kodwa nami angilalanga ubuhlungu zingitititinya izinsizwa. √√/ Ngake ngavika kwavuthuka izandla, bela abafokazi.√√/ Izinsizwa zaseMvoti zisho ukungiqeda ngenduku. √√ (2)

1.8 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo.
- Epulazini likaGeorge wayengaholi, wayefuna ukusebenza endaweni lapho ayezohola khona imali.√/
- Wayehala uma ebona izinsizwa zangakubo ezisebenza eGoli sezizinhle. √/
- Wayefuna ukuphila impilo engcono. √/
- Wayefuna ukulobola ingoduso yakhe. √/
- Wayefuna ukuqala umndeni wakhe. √ (2)

1.9 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Abantu sebesebenza emadolobheni amakhulu. √/
- Sekukhona izithuthi zokuhamba ezinhlobonhlobo njengamabhasi, izitimela, amatekisi nokunye. √/
- Izinsizwa ezisebenzayo sezigqoka imiswenko yesimanjemanje. √/
- Abantu abasaloboli ngezinkomo kuphela. √/
- Izindawo ahlala kuzo amadodana kaManyoba. √/
- Umdlalo weLotto. √/
- Ubugebengu. √/
- Imfundo.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

1.10 1.10.1 UMaNdlovu:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Unothando lomndeni wakhe. √/
- Uyakholwa. √/
- Unomoya ophansi/ulungile. √/
- Uqotho. √ (2)

1.10.2 UNtombela:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Akathembekile, waganwa engamtshelanga unkosikazi wokuqala. √/
- Unezimfihlo. √/
- Akawucabangelanga umndeni wakhe ngesikhathi esasebenza. √/

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

KANYE

ISIQESHANA B

1.11 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UFanyana wayeyobuza kumama wakwamakhelwane ukuthi umama wakhe akashongo yini ukuthi uyaphi. √/
- Umama wakwamakhelwane wamthethisela ukuthi inkosikazi yakhe yayibiza umamezala wayo ngomthakathi futhi ibuye imncishe ukudla. √/
- Umama wakwamakhelwane wayebuza nokuthi kungani kungafikanga inkosikazi kaFanyana ukuzobuza ngomamezala wayo esikhundleni sokuba kufike yena uFanyana. √/
- Umama wakwamakhelwane wajikijela uFanyana ngeketela elinamanzi abilayo. √/
- Ukuhlukunyezwa kukaMaNdlovu umka Fanyana.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

1.12 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UManyoba wawina iLotto bagcina sebephila kahle nomkakhe./√
- UManyoba wabela abazukulu imali./√
- Amadodana akhe akawabelanga ifa lakhe./√
- Wathi amadodana akhe angaphinde ambize ngobaba. √ (2)

1.13 OKUKODWA kwalokhu:
- Bathola usizo lwendawo yokufihla ikhanda, abangalala esiteshini sesitimela. √√/
- UMfundisi wabapha imali agcina edlale ngayo ilotho uManyoba. √√/
- Ababange besaduka nezwe njengokuhlela kwabo. √√/
- Babezogcina behlupheka, baduke nezwe, bangatholakali. √√/
- Babengagcina belinyazwe izigebengu. √√
(Nokunye okunembayo) (2)

1.14 Amaphuzu AMATHATHU alandelayo:
- Unkosikazi kaMduduzi wayengahambisani nokuthi abazali behlukaniswe. √/
- Wayekhululekile ukubathatha abazali ukuze bangahlupheki. √/

- Wayezobaphatha kahle ngoba wayebathanda futhi ebahlonipha.√
  (Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (3)

1.15 Umbono
- UManyoba wakwazi ukuziphatha kahle. Wayegoduka njalo futhi ewondla umndeni wakhe. √/
- Akazange aganwe njengoba kwenza uNtombela. √ (2)

1.16 1.16.1 Ungunogada efemini/C√
1.16.2 Indodakazi kaManyoba/A√
1.16.3 Indodakazi kaFanyana/D√
1.16.4 Unkosikazi kaNtombela/B√ (4)
[35]

UMBUZO 2: *UMSHADO* – N Zulu

ISIQESHANA C

2.1 Efemini.√ (1)

2.2 Izidakamizwa. √ (1)

2.3 Wayethunywe nguTholakele ukuzolanda imali ayeyibolekele ukubheyilela uZenze. √√ (2)

2.4 'Ungaze uyoshada nomuntu ungamazi ukuthi usebenzaphi?'√√ (2)

2.5
- Kwakungukubalekela ukungenwa nguBhatomu emveni kokushonelwa umkhwenyana wakhe. √√/
- Wayefuna indawo azokwazi ukwenza yonke imikhuba yakhe njengezidakamizwa nokunye. √√ (2)

2.6 Impendulo ayiqukathe elinye lala maphuzu alandelayo:
- UTholakele ungumfelokazi.√√/
- Akanasimilo, unemikhuba asolwa ngayo. √√/
- UBhekani akazi lutho ngemvelaphi kaTholakele. √√/
- Akafundile kanti uBhekani unguthisha. √√/
- Mdala kunoBhekani. √√ (2)

2.7 Usenkingeni enkulu/B√ (1)

2.8 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- ULindiwe wayefundile enguthisha.√/
- Wayemphathela izipho uma evakashele uBhekani.√/
- Wayehlonipha.√/
- Wayemazi kangcono kunoTholakele ngokwempilo ayeyiphila.√/
- Wagcina esekhulelwe ingane kaBhekani.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

2.9 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Ukwanda kwezidakamizwa. √/
- Abelungu sebekwazi ukuya ezindaweni zabantu ngokukhululeka. √/
- Ukwanda kwemijondolo. √/
- Ukuthandana kwabantu bobulili obufanayo. √/
- ULindiwe ukwazi ukuzovakasha kubo kamfana athandana naye. √/
- ULindiwe wathi uzoyolala nomama kaBhekani. √

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (3)

2.10 2.10.1 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo ngomlingiswa ngamunye:
Ubaba kaBhekani
- Unolaka. √/
- Uthanda ukuhlonishwa/ukulalelwa. √/
- Into angayithandi uvama ukuyiveza ngesihluku.√ (2)

2.10.2 USifiso
- Uyathanda ukuxwayisa uBhekani/ unezeluleko.√
- Unesineke futhi umkhonzile umngani wakhe.√
- Uthanda izindaba zabantu.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

KANYE

ISIQESHANA D

2.11
- Isisusa sodweshu phakathi kukaBhekani nomama wakhe ukuthi umama wakhe usola ukuthi uTholakele udla izidakamizwa lezi esezize zamgulisa. √√/
- Ukuthi umama akafuni uBheki ashade noTholakele ngoba engumfelokazi. √√ (2)

2.12 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Ubaba kaTholakele wabuza ukuthi umakoti walotsholwa kubani. √/
- Umakoti nabangani bakhe baboshwa ngosuku lomshado. √/
- UBhekani akazange esashada noTholakele. √/
- ULindiwe wamduduza uBhekani wagoduka naye. √/
- Umbhali uveza ukuthi ubugebengu ababuyiseli.√ (3)

2.13 Imibono iyokwehlukana. Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wayeyohlaselwa noma abulawe nguBhatomu. √/
- Wayeyoxabana nezihlobo nabangani bakhe. √/
- Wayengeke akuthole ukuphumula ehlushwa ngamaphupho kayise. √/
- Wayezokwenziwa isilima nguPamella ngokuthandana noTholakele. √/
- UTholakele wayengamfaka ebugebengwini agcine eboshwa. √

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

2.14 OKUBILI kokulandelayo:
- Walahlekelwa yimali eningi elungiselela umshado ongabanga yimpumelelo. √/
- Waba nezitha eziningi okubandakanya noBhatomu. √/
- Wazithola exabana nonina. √/
- Wabhekana nolaka lwabaphansi. √/
- Wacishe walahlekelwa uLindiwe owayemthanda ngeqiniso. √/
- Wacishe walahlekelwa nayithuba lokuzikhulisela ingane yakhe. √

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

2.15 Yiqiniso. Impendulo EYODWA kulezi ezilandelayo:
- UTholakele kwakufanele ahlale lapho ayeganele khona aze akhumule inzilo ngaphambi kokuthi aqhubeke nempilo yakhe. Wagcina eboshwa engasashadanga. √√/
- UBhekani kwakufanele alobole kubo kaTholakele. Wagcina engasashadanga walahlekelwa yimali yakhe. √√/
- UBhekani wayengafuni ukulalela uyise, wagcina eseshelwa izimpahla zakhe.√√

NOMA

Umbono. Impendulo EYODWA kulezi ezilandelayo:
- UTholakele wakwazi ukuqhubeka nempilo emva kokushona kukamyeni wakhe ngaphandle kokungenwa nguBhatomu.√√/
- Wacishe waba nenhlanhla yokuthola umshado wesibili.√√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

2.16 2.16.1 Imijondolo/B√
2.16.2 Iphupho ngolaka lukayise/D√
2.16.3 Izidakamizwa/A√
2.16.4 Uqashise uTholakele/C√ (4)
[35]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 35

ISIQEPHU B: UMDLALO

UMBUZO 3: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi

ISIQESHANA E

3.1 Umhlangano wokuletha intuthuko emphakathini. √ (1)

3.2 Ukuqinisekisa ezokuphepha komphakathi.√/ Ukuqapha isimo.√/ Ukuze uDlamini angaphazamisi.√ (1)

3.3 Wathi wamsikaza ngenduku, uMbandlwa wazingqubuza yena odongeni. √√ (2)

3.4
- Akasabhandishile ekhanda./ Akasawathwele amawashingi.√
- Usekwazi ukuhamba ibanga elide. √ (2)

3.5 Kanti ezikoleni zaseThekwini nanelusa yini? √ (1)

3.6 Yiphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Amaphoyisa ayemxwayisile uDlamini ukuthi angaphinde aphazamise imihlangano yekhansela. √√/
- Iveni yabonakala iyongena emagcekeni akwaDlamini. √√/
- Amaphoyisa ayebathembisile ukuthi azofika azoqapha isimo uma kunomhlangano. √√ (2)

3.7 Onoxolo√/C√ (1)

3.8 Iyangicasula√√/Iyangithukuthelisa√√/Iyangidina√√/ iyangicika.√√ (2)

3.9 Yiphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- UDlamini wayesusa amaphepha ezaziso zemihlangano yekhansela. √√/
- UDlamini walimaza uMbandlwa wesabisa nabanye ababethamele umhlangano. √√/
- Waqamba amanga enkantolo mayelana nokulimala kukaMbandlwa. √√ (2)

3.10 ELILODWA lala maphuzu alandelayo:
- Inkosi yayinxusa abantu bayo ukuthi bakhohlwe osekwedlule ngoba ngeke besakwazi ukukushintsha. √√/
- Abantu kumele babuyisane/baxolelane. √√/
- Inkosi ibonga amakhosikazi ngokusiza ekudaleni uxolo. √√ (2)

3.11 Amaphuzu NGAMABILI kwalandelayo ngomlingiswa ngamunye:
UMbandlwa
- Ugqugquzela ukuthi uDuma angayihloniphi inkosi./√
- UMbandlwa usenamagqubu ngokwakwenzeka ezikhathini zakudala.√/
- Akafuni ukuthi uDuma athathe izeluleko zabanye abantu ngaphandle kwezakhe. √ (2)

UDlamini
- Unolaka√/
- Uhlohla inkosi ukuthi ingamemukeli uDuma ngisho esexolisa. √/
- Unomoya wokubhebhethekisa udlame. √ (2)

KANYE

ISIQESHANA F

3.12
- UMbandlwa ukhuluma ngendelelo/kabi nonogada wenkosi.√
- UMbandlwa uxosha unogada emzini kaMaShezi. √ (2)

3.13 Inkosi yavukwa yisifo senhliziyo yaphathwa yisinxe, yaphuthunyiswa esibhedlela. √√ (2)

3.14 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- UDuma nenkosi bayaxolelana. √/
- Abantu benkosi bayalwamukela uxolo. √/
- UDuma uyazehlisa ucela uxolo enkosini nasemphakathini. √/
- Kuba khona ukusebenzisana phakathi kukaDuma nenkosi. √/
- Inkosi imnikeza ihhovisi endaweni yayo. √/
- UmaShezi wabuyela emzini wakhe.√/
- Kwaba nokuhloniphana phakathi kwenkosi noDuma. √

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (3)

3.15 Imibono iyokwehluka. Amanye amaphuzu AMABILI kungaba yilawa:

Isenzo esihle
- UMaShezi wayesabela impilo yakhe. √
- Kwakungasekho ukubambisana nokuhloniphana nomyeni wakhe. √

NOMA

Isenzo esinesihle
- Wayephula izifungo zakhe zomshado. √
- Wayekhombisa ukungambekezeleli nokungamhloniphi umyeni wakhe. √ (2)

3.16 Iqiniso. Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Umphakathi uhlukana phakathi uthathe uhlangothi lomholi othile. √√/
- Kuba khona ukuchitheka kwegazi. √√/
- Kulimale abantu abangenacala. √√/
- Abaholi baba yisibonelo esibi emphakathini nasentsheni. √√/
- Imindeni iyachitheka. √√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

3.17
3.17.1 Impohlo/D √
3.17.2 Ummeli wenkosi/C √
3.17.3 Inkosikazi kaDlamini/B √
3.17.4 Igama lesikole/A √

[35]

UMBUZO 4: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu

ISIQESHANA G

4.1 Owayengumngani omkhulu kaThenjiwe. √ (1)

4.2 Yiphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wayethi mncane kunaye. √/
- Wathi akasenalo uthando lomunye umuntu. √/
- Wayengakholelwa kuleli siko lokungenwa. √

(Nokunye okunembayo okungashiwo umfundi.) (1)

4.3 Wayefuna ukuyovalelisa ngoba wayengazange alithole ithuba lokwenza lokho. √√ (2)

4.4 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Yindlela aziphatha ngayo ngesikhathi bemtshela ngesiko lokungenwa. √/
- Wacishe wabulala indodana yakhe. √/
- Amahloni ayenawo ngokubandakanya umndeni wakubo kwaMondise ezindabeni zasemzini kwaZungu. √ (1)

4.5 Abahlola leliya bathi ukuba ngake ngaliphuza kanye, ingqakala yayiyobheka ezulwini. √√ (2)

4.6 Yindaba ethi wayewuthathephi uThenjiwe ushevu ayefuna ukubulala ngawo uDumisani ukuze agweme ukuba amngene. √√ (2)

4.7 Umshado omkhulu/D. √ (1)

4.8 Okukodwa kwalokhu: Kwaba nomthelela√√/kwelekelela√√/kwasiza√√/yikhona okwenza ngishitshe isinqumo sami. √√ (2)

4.9 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wawuthi uhleli kabuhlungu ejele. √/
- Wayemncenga ukuthi akavume ukungenwa nguDumisani. √/
- Wayemtshela ukuthi abasemzini wakhe bathi uyophuma ejele mhla uThenjiwe wavuma ukugana uDumisani. √/
- Wayecela uxolo kuDumisani. √ (2)

4.10 Amaphuzu AMABILI ngomlingiswa ngamunye yilawa:

uMondise:
- Uvumelana nabasemzini ngendaba yokungenwa kukaThenjiwe. √/
- Waqhatha uNondumiso nomyeni wakhe ngokumxosha ekhaya. √/
- Wayefuna ukuphindisela uThenjiwe emzini ngenkani ebe azi kahle ukuthi unenkinga. √ (2)

uMaMbatha:
- Waqhatha uThenjiwe nesiko. √/
- Waqhatha uThenjiwe noDumisani. √/
- Waqhatha uNondumiso noZungu. √/
- Waqhatha uSipho noThenjiwe. √ (2)

4.11 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UThenjiwe akazange esabahlonipha. √/
- UThenjiwe waduba waya kubo engacelanga. √/
- Kwagcina kulimala uDumisani egwazwa nguSipho. √/
- UThenjiwe wacishe wabulala uDumisani ngokumdlisa ushevu. √ (2)

KANYE

ISIQESHANA H

4.12 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- UDumisani wayefuna ukukhuluma noThenjiwe ngenkani. √/
- Wazama ukumbamba ngesandla. √/
- UThenjiwe washaya uDumisani ngetshe ekhanda. √/
- UDumisani wakhahlela uThenjiwe esiswini. √/
- USipho wagwaza uDumisani engalweni. √ (3)

4.13 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- UThenjiwe wagcina evumile ukungenwa nguDumisani. √/
- Bagcina sebethandana sebekuthokozela ukuba ndawonye. √/
- Imindeni yagcina isizwana. √/
- USipho washonela ejele. √/
- UDumisani nomndeni wakhe bamxolela ngokuphelele uThenjiwe. √ (3)

4.14 Imibono iyokwehluka.
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo ezigabeni zombili.
Lisabalulekile:
- Kubalulekile ukugcina amasiko. √/
- Kwenza owesifazane oshonelwe abhekwe njengengane yasekhaya. √/
- Kwenza izingane zingabi yizintandane zibe zinomndeni. √

NOMA

Alisabalulekile:
- Sekunezifo eziningi ezithathelanayo. √/
- Abesifazane banamuhla sebeyakwazi ukuzimela. √/
- Intando yeningi inikeza abesifazane ilungelo lokuzikhethela. √/
- Sekwaba khona nezinkinga zamafa. √

(Nokunye okunembayo okungashiwo umfundi.) (2)

4.15 Iqiniso. Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wayezicabangela yena yedwa engayicabangeli indodakazi yakhe. √√/
- Wayesaba ihlazo lokubuya kwendodakazi emendweni okwakuzomehlisa isithunzi emphakathini. √√/
- Wayengasakwazi ukubuyisela ilobolo kwaZungu. √√/
- Wayecasha ngesiko. √√ (2)

4.16 Wayesenenzondo ngoDumisani. √ (1)

4.17 4.17.1 Washona ngodlame/B √
4.17.2 Indodakazi kaZungu/A √
4.17.3 Umakoti wakwaManzini/D √
4.17.4 Washonela ejele/C √ (4)

[35]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 35

ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE

IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ Ntuli (Umhleli)

UMBUZO 5

5.1 **'UMUNWE' – S Zimema**

ISIQESHANA I

5.1.1 Wayesebenza lapho kwamukelwa khona iziguli.√/ umabhalane. √ (1)

5.1.2 Esibhedlela eGreys. √ (1)

5.1.3 Okubili kwalokhu:
- Yingoba wayekholwa ngukuthi abahlengikazi baphephile.√/
- Bazi kangcono ngezifo.√/
- Bayazinakekela.√ (2)

5.1.4 uThandi√/A√ (1)

5.1.5 Waqaphelisa umaka okhanyayo emunweni walo mlisa lapho kuhlala khona indandatho ayeyikhumulile. √√ (2)

5.1.6 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Isibhedlela sase-Edendale. √/
- Isibhedlela i-Greys. √/
- Wathi lo mlisa uzomkhiphela ku-Church Street endaweni ephambili yokudlela. √/
- Babonana enkantini yasesibhedlela. √

(Nokunye okunembayo.) (3)

5.1.7 Ezamanje zivele zikuthi njo emehlweni kuze kube nguwena okhophozayo. √√ (2)

5.1.8 Kwamveza njengomuntu ongeqotho futhi onamanga. √√ (2)

5.1.9 Imibono iyokwehluka. Yiphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Kumehlisa isithunzi owesilisa. √√/
- Amasoka asebulawa izifo ezehlukahlukene. √√/
- Amasoka athelela abantu abangenacala ngezifo ezingalapheki.√√ (2)

5.1.10 Umbono.
Yiphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Abanye abantu besilisa bayazihlonipha bona kanye namakhosikazi abo.√√/
- Basekhona abantu besilisa abaqotho nabanothando lweqiniso.√√/
- Abanezindandatho zomshado bahlezi bezifakile emnweni.√√ (2)

KANYE

5.2 **'ILOBOLO' – S Zimema**

ISIQESHANA J

5.2.1 Ezine/4 √ (1)

5.2.2 OKUBILI kwalokhu:
- Usuku lomshado.√/
- Ukuthi bahlangane bengakashadi.√/
- Ilobolo.√/
- Umkakhe/ umakoti.√ (2)

5.2.3 Kwakwenziwa ukuthi umukhwe wakhe wayenesandla esiqine kakhulu,√ engafuni ukuthi ingane yakhe ihlangane nomkhwenyana wayo kungakayiwa esontweni. √ (2)

5.2.4 Yiphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Waze wafunga wathi buyochitheka bugayiwe uma bengatholakala bendawonye laba bobabili. √√/
- Kwancwajana yomshado ayisho lutho lapha kuyena, yinto asengayihliphiza kalula nje lena. √√/
- Kwaleyo madlana aseyikhokhile angabuyiselwa yona kungabi ndaba zalutho nje. √√ (2)

5.2.5 UMandlenkosi wenqaba ukungcwaba unkosikazi wakhe emveni kokuba eshone umukhwe wakhe engakamniki ilungelo lokuhlala naye. √√ (2)

5.2.6 NguMandlenkosi.√ Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Nguyena esimthola ekuqaleni kwendaba enenkinga yokushonelwa yingoduso yakhe.√/
- Izinkinga ezenzeka endabeni zithinta yena ngqo.√/
- Utholakala indaba iqala ize iyophela.√ (2)

5.2.7 OKUKODWA kwalokhu:
- Usixoxela ngabanye abalingiswa nezigameko ezithinta bona. √√/
- Konke okwenzekayo endabeni akumthinti yena.√√/
- Uyethula ngohlangothi lomuntu wesithathu.√√/
- Kutholakala izivumelwano zomuntu wesithathu√√ (2)

5.2.8 Ukusifundisa ukuba sibahloniphe abantu ngoba asazi ukuthi ikusasa lisiphatheleni.√√ (2)

5.2.9 Izimpendulo ziyokwehlukana:
Akusizi. UMandlenkosi wazithola ehlukumezeka ngokwenqatshelwa umukhwe wakhe ukuba ahlale nonkosikazi wakhe ngoba kungakashadwa esontweni. √√

NOMA

Kuyasiza. Ingoduso kaMandlenkosi yaphepha ekuthwalweni izimbangi zesoka layo. √√ (2)

[35]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 35

ISIQEPHU D: IZINKONDLO

AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA – EJ Mhlanga no JJ Thwala

UMBUZO 6

6.1 **UNOZIDUMO – LMMS Madondo**

6.1.1 Ubulili besifazane. √ (1)

6.1.2 OKUBILI kwalokhu:
- Mntanomuntu√/
- Nkosazana√/
- Mntanomfazi√/
- Ngane yabantu√ (2)

6.1.3 Yayisuka kwelakubo eMelika,√ iya kwelenkolo koSadamu.√ (2)

6.1.4 Abantwana babantu abazocoboshiswa. √ (1)

6.1.5 I-ephiki√ ngoba ikhuluma ngokuhlabana kweqhawekazi elinguNozidumo.√ (2)

6.1.6 B/√ Ukukhipha impi.√ (1)

6.1.7 OKUKODWA kwalokhu:
- Impi ayikhethanga bulili√√/
- Impi yabulala wonke umuntu.√√ (2)

6.1.8 Umbuzombumbulu.√√ (2)

6.1.9 Iqiniso. Izindimbane ezilele kobandayo? √√ (2)

6.1.10
- Umoya wokutusa/wokuncoma kanye nokugxeka. √
- Imbongi itusa/incoma izenzo zobuqhawe bukaNozidumo esuka eMelika eyohlasela kwamanye amazwe./ √
- Incoma/itusa isibindi sakhe njengomuntu wesifazane./ √
- Iphetha ngokugxeka ukubulawa kwabantu abaningi. √

(Nokunye okunembayo.) (3)

KANYE

6.2 **INHLANSI YAKHO THULI – SB Mlambo**

6.2.1 UNontando √ (1)

6.2.2 OKUBILI kwalokhu:
- Imbongi yasondela√/
- Yamangala√/
- Yankema √ (2)

6.2.3 OKUBILI kwalokhu:
- Ingedla√/
- Iwisa√/
- Isijula√ (2)

6.2.4 Ukuthwayiza. √ (1)

6.2.5
- **Ngi**sathwayiza ngizibona ngiyintandan' ezweni **Ngi**shiywe nguNontando dengwane√
- Imvumelwanosiqalo √ (2)

6.2.6 A√√ /Lwakhula uthando.√√ (2)

6.2.7 Ukunyamezela kwangiphika.
Ukubekezela kwanyamalala.√√ (2)

6.2.8 Indikimba yothando.√ Inkondlo yonke ikhuluma ngothando imbongi eyayinalo ngoThuli.√ (2)

6.2.9 Ukugcizelela isifiso sembongi sokuba uthando lwayo noThuli lungaphelI. √√/Ukugcizelela ukuthi lungaphazamiseki.√√ (2)

6.2.10 Yebo. OKUKODWA kwalokhu:
- Nganqoba ngingeqhawe. √√/
- Ngayithumb' eyakho inhliziyo. √√ (2)

AMAMAKI ESIQEPHU D: 35
AMAMAKI ESEWONKE: 70